Miscellaneous information about Bomvu tribe, Msinga. K13/158

s600(3) K13/158 E.B,M. Madondo. 1/6

1. 1b **Izwe laseMa6omvini**

Izinta6a ezinkulu yilezi: uMsinga, uPhakwe, uPhisweni noMkhuphula. Amagquma amakhudlwanyana nanka: Ithi6eni, Uncikida, Izinyonyana, Isantwele, uNtayiyana, uNomphanjana, Imbona, uBomela, Amakhandeni, Inhlonga, Amanzimhlophe Insingizi.

Imfula emikhulu kakhulu nansi: uThukela, Impofana, Umzinyathi, Inadi, Ingu6evu, Uthame, Umbono.

Imfula emincane kakhulu nansi: Inhlambane, Inte6eni, Unomswanyana, Ibumeni, Itshitshini, uMgolo, Inkolovu, Inqa6eni.

Izifunda: Uthame, Ingu6evu, Inqa6eni, Umbono, Owolwane, Ugxo6anyawo, Inhlonga, Inhlungwane, uPhakwe, Ulatha, uDolo, Umkhuphula, A6aqulusi, Inzala.

Kwa Dolo kulapho kulele khona amakhosi aseMa6omvini, uSomahashi, uMawele uNyoniyezwe yena useNgonyameni esifundeni sase Nzala. Lapho kwakhe khona uSi6indi ka Nduluzana. Kulapho inkosi uSi6indi owaye6ambele uNyoniyezwe e6ukhosini, aphaka khona impi enkulu yaMa6omvu ukusiza uHulumeni ngomnyaka 1906, u Bambada ehlu6uka. Umuzi wenkosi uMayizekanye nawo futhi ukhona lapha. Igama lawo uMandlakazi. Othame kulapho impi enkulu yesizwe saMa6omvu naManxamalala yalwa khona, waze wehlulwa uKhwayimbu inkosi yakwa 6uthelezi. Yingakho lendawo i6onakala inamangcwa6a angaziwa, namathambo a6antu emigedeni lapho 6a6efela khona.

2. Imfula: Yonke imfula ingena oThukela ngaphandle kwe Nkolovu neNte6eni engena eMzinyathi kanti nawo uMzinyathi ungena oThukela. Izifunda nezinduna zazo.

Uthame - Mpempe Ngubane - Enyakatho

uGxo6anyawo - Ngoda Phakathi.

Ingu6evu - do

Inqa6eni - do

Iwelwane - do

Umbono - Gwaziwe Ngubane

Inhlungwane - Mgwenyo6omvu Ngubane

A6aqulusi - Ntingo Dumakude

Umkhuphula - do

/Inhlonga...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s600

Inhlonga - to follow
uPhakwe - Do
uDolo - do
uLatha - do
Inzala - do

Ukufa nokulila

Ukufa kukha Mthantashiya: uMthantashiya wafela enhlangano yaMa6omvu, noMa6aso kanye noMajozi wa6e ngowase Luyengweni. Waphuziswa yiNkosikazi utshwala ngomancishane, kuthe esendleleni wahlanza igazi waze wafa njalo. Kwasoleka kakhulu ukuthi inkosikazi imdlise upoyizeni onamandla khakhulu, ngo6a washeshe wafa naye futhi elokhu ekhomba esiswini nasesifu6eni, ethi kuyashisa. Wafela e6aleni ethi usehamba, wawa phansi.

A6antu 6onke 6ase 6ehambile, yena efika evela oThukela, nokho izihlo6o zakhe zafika ngoku6izwa, 6amfica engakabi kodwa elokhu e6akhombisa esiswini ethi kuyashisa na6o 6azama ukuthi
3. 6amphuzise u6isi kodwa alwa6e lusangena, ngo6a umlomo wawuse zilonda futhi kuphuma igazi elesa6ekayo.

Sewuphumile umphefumulo isidumbu sambozwa isikhathana sasex sithwalwa siyiswa kwakhe eLayengweni. A6antu 6onke 6aqo-qana khona ukuzolila. Unina wahlala ngasesidunjini. Kwavalwa umuzi wonke, kwasuka esinamathambo isililo. Kwa6ulawa izinkamba zakhe zotshwala, nezinkomo azaze za6uya ukuzosengwa.

Ingcwa6a lalungiswa ngamadoda endaweni yase Mangcwa6eni, enzansi komuzi., kwenziwa igumbi lapho ezokhoseliswa khona, amanye amadoda a6ulala inkomo okuzotholakala kuyona isikhumba sokumembesa, wathungelwake esikhumbeni, kwaze kwasa ekusona. Ngosuku lwesi6ili kungezange kusengwe amankonyane esekhale aze adela, li6antu6ahle walahlwa, 6onke a6antu 6ephelele 6aseduze nenkosi ikhona njengo6a ya6isi6ikelwe.

Kwavula uMfundisi iculo lomngcwa6o le6andla lase America wafunda eBaibelini amazwi omngcwa6o, wakhuluma ngokuvuka ezweni elizayo. Isidumbu sathathwa yizinsizwa zaseLuyengweni zodwa.

Inkosi yakhuluma ngomse6enzi omkhulu owenziwe yiloMnumzane

/phakathi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

phakathi kwesizwe yathetha futhi ngenxa yesifo esiyingozi esikhona ukuthakatha. Yawulilela umuzi wonke waseLuyengweni.

uNdunankulu naye wakhuluma ngesi6indi esikhulu a6enaso loMnumzane ekugwe6eni amacala kanye nokuziphatha kahle kwakhe ngisho naphakathi kweziphithiphithi e6ezimvelela.

4. Ekugcineni kwakhuma uyise omncane ngo6a phela uyise akasekho. Wakhuluma ngo6uhlakani o6a6onakala kulensizwa yakhe isencane yaze yakhula. Wakhuluma ngokuphatha kwayo umuzi selokhu kwafa uyise waze wafika lapho uHulumeni ayenza iNduna yamaphoyisa kwaNo6amba, yaze futhi yathola ukuhola ihlezi ingasase6enzi (pension) kuze kufike lapho futhi yanziwa induna yesifunda saseNhlonga.

Uyise omncane kanye nezinsizwa ezimbili zangena engcwa6eni zasemukela isidumbu, 6asi6ekisa eningizimu njengomkhu6a wakhona, A6antu 6onke 6amphelekezela ngenhla6athi. Umfundisi wathandaza, walandelisa a6antu umthandazo wenkosi uJesu.

Amacansi, izikhumba, amahawu kanye nakho konke okwakhe kwangcwatshwa naye, umfundisi wamphelekezela ngenewadi ikhathiki zimu njengo6a kade eyikholwa efundile futhi.

6asigqi6a isidumbu ngenhla6athi, 6a6eka amatshe emaceleni ukuze inhla6athi ingasakazeki nalo futhi lingaduki. Kwagawulwa amahlahla, ingcwa6a lambozwa ngawo. Umfundisi wafaka isiphambano si6alwe igama lakhe kanye neminyaka yakhe nosuku afa ngalo kanye nolo kuzalwa.

Ngesonto ekuseni 6avuka 6aya khona 6eyise indodakazi eya6e ifikile 6afike 6enza umthandazo. Lomngcwa6o kwangathi owenkosi ngo6a izulu lalifefa izinta6a zinga6onakali ngenxa yezinkungu.

5. Kwahlatshwa imbuzi yokugeza a6angcwa6i kanye neyamakhu6elo zidliwa nemithi, kwachelwa ngentelezi umuzi wonke izindlu zasindwa ngosuku lwesithathu amakhosikazi.

6onke a6antu a6ayizihlo6o 6eza 6ezolila (la6o a6a6engekho esililweni) kanye na6anye a6athandayo. Amakhosikazi azila ngengu6o emnyama, amadoda nezingane 6agunda amakhanda. Kwa6a khona ukuthula okwesa6ekayo ekhaya, kungamenyezwa futhi, kungagidwa,

/kungahanjwa...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s600 K13/158

kungahanjwa i6anga elido, kungazingelwa, kungasetshenzwa. Lokhu kwaqhu6eka kwaze kwafika isikhathi sokuyolahla izagila.

Ukulila kwaze kwaphela ngo6a sekukhishwe ihlambo, umuzi wonke wakhululeka. Ohlambo la6onwa uyisemncane kaMufi ukuthi selifanele ngo6a unyaka usuphelile, namakhosikazi sekudingeka uku6a angenwe ngo6a amanye asemancane, futhi esanda kugcagca.

<u>U6uzalwano no6udlelwano (Kinship)</u>

A6akwa Nzimande 6anga6azukulu 6aka Ntiyane. 6onke 6a6izwa ngokuthiwa Nzimande isithakazelo "Ntiyane". 6afuye kakhulu izinkomo. Okwenza u6uhlo6o 6a6o 6ungakhohlakali yingo6a uNtiyane wazalwa amadodana ama6ili kuphela uNongcayiza noDambe. Yi6oke la6a a6aganwa a6alo6okazi a6aningi, 6azala amadodana amaningi nawo futhi azala kakhulu ngo6a a6ena 6alo6okazi
6. a6aningi a6a6ene nzalo eningi, 6ena6antwana a6ayishumi noma nanye noma nambili. Phakathi kwa6o sekukhona a6azi6iza ngokuthi 6ona 6azalwa uNongcayiza noDambe una6akhe.

6onke a6azalwa uNongcayiza 6akhe ndawonye na6azalwa uDambe 6akhe ndawonye uVuye inkosana kaSikhunyana ozalwa uNongcayiza oyinkosana kaNtiyane uyena 6onke a6am6iza ngokuthi uMfungwa inkosana, lapho 6ethula khona zonke izingxa6ano za6o. 6onke 6ayamazisa futhi unamalungelo okuthetha amacala a6o6onke engakayi kuMnumzane wesifunda kakhulu amacala om6ango - ifa nezwe eliyisa6elo sika Ntiyane, asinikwa yinkosi ifika naye ivela kwaZulu ngesikhathi sezimpi zikaShaka ezachitha amazwe.

Uma 6ezogcagcisa 6ayahlangana 6onke 6axoxe ngezinto okudingeka zenziwe. Nanxa kuzo6uyiswa ongasekho 6ayaqoqana 6onke.

Ukuganana akuvunyelwe ngisho na koyedwa, nanxa umuntu 6engazani naye kodwa ezi6iza ngokuthi owaka Nzimande. Ukuzana ukugananaku ukufa, ngo6a isiko la6a ka Nzimande lowo owenze njalo ufanele uku6a a6ulawele phambi kwa6antu 6onke 6ephelele ukuze na6o 6azi6onele ukuthi owonayo wenziwa nje.

7. Lokhu kwenzelwa uku6a 6ahlale 6enga6antu a6aqinile nokuvimbela a6antu uku6a 6angazali izingane eziyizidalwa. Nxa umuntu omdala engena endlini noma ehlangana nengane endleleni kudingeka uma isendlini isukume ime umkhombise indawo imm6ingelele ingambeki /noma............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

noma ihlangana naye endleleni. Ingammemezi umuntu omdala, ingambizi ngegama ithi "6a6a" noma "Mame" "Dade," "Malume" "Mzala".

Imvunulo ya6o nezinye izinto za6o 6ayase6enziselana, nanga phandle kokuze tsheleka ku6aninizo. 6amelwe ukusizana noma ngayiphi indlela 6onke la6a a6alandelayo: A6azali, Ukhulu no 6a6amkhulu, Odade, Odadewo6a6e - O6a6ekazi, Omamekazi.

Ukusizana okuvamile ukulo6olelana, ukhondla izingane zongasekho, ukukondla a6afelokazi, ukhiphana emacaleni, nokusiza a6angenamandla okuse6enza 6athole ukuzondla ngenxa yo6uvila nokugula kanye nezinye izinto njenga6antwana a6aningi.

Uma umuntu e6ingelela omunye ekuseni, emini noma ntambama nase6usuku uthi "sawu6ona". Uma u6ulisa umuntu omncane ingane uthi, "sawu6ona fana, ntombi ndodana, ndodakazi, izwi li6e no6ufeshe. Uma u6ulisa omdala um6iza ngesi6ongo ngesithakazelo noma 6a6a, mame.

8. Uma a6antu 6entanganye 6ehlanga omunye uthi komunye "Sawu6ona ntanga noma Mfo". Kwesinye isikhathi omunye athi komunye "Nansi inselela" a6esethi omunye nxa ephendula lokho "Wozeyithatha". 6ese 6ethi ukuthana qhwa6aqhwa6a ngezinduku 6a6uye 6ayekwe. Uma umuntu efika umzini womuntu x uyakhuleka athi "E 6a6a wena wasekuthini njengokuthi" "E 6a6a wena ka Ndlangamandla ka Sihloli ka Mqomboli wase Mantungweni."

Uku6ingelela akukhethile, ukuthi u6ani ozo6ingelela kuqala omunye, omdala noma omncane. Noma yimuphi uya6ingelela. Kodwa umthetho uthi omncane maka 6ingelele omdala, umuntukazana a6ingelele isikhulu, ekhombisa phela into6eko yakhe kwa6angaphezulu kwakhe.

Uma umuntu e6ingelela inkosi uthi "Silo", Ngonyama, Nda6ezitha, 6ayede, 6ayede. Ku6i futhi akusiwo umthetho ukukhomba inkosi, ukuqoshama ukhuluma nenkosi ukulalela ukukhuluma okungadingeki uku6a wena ukwazi, ukudla umile nokudla ulele phansi. Inhlonipho yomuntu i6onakala kakhulu uma ecelwa uku6a enze into ethile ayenze ngokushesha noma ethunyiwe

/ahambe..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/158 6*

s600

ahambe eja6ule ngokushesha okukhulu. Umuntu konke lokhu ukufunda ngo6a eqaphelisisa okwenziwa a6anye kakhulu a6adala kunaye njenga6azali. Umuntu onolaka uyashaywa ajeziswe noma ngayiphi indlela.

Umuntu ongaziphathi kahle usenokujeziswa noma ngaluphi uhlo6o, noma ahlawuliswe ukuze athole isifundo.

~~[illegible]~~.

9

**List of Headmen**

1. Othame Mpempe Ngubane
2. Engobevu Mlenze 6enya
3. Ewolwane Mcijo Shelembe
4. Enqabeni Khafulana Ngubane
5. Enhlonga Mntompofu Ndlovu
6. Phakwe Ma6ona Madlala
7. Latha Madoda Dlamini
8. A6aqulusi M6unda Maphumulo
9. Umkhuphula Mgwenyo6omvu - Ngubane
10. Inhlungwane
11. Gxo6anyawo Ngoda Phakathi
12. Mbono Gwaziwe Ngubane
13. Enqoleni - Mfushane Dlamini
14. Enzala Gxi6ongwana Zondi.

END S600

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.